

iSouth Africa Coronavirus CivicActs Campaign ithatha amahemuhemu nemibono phakathi kwemiphakathi ukuze kususwe izikhala zemininingwane phakathi kukahulumeni, abezindaba, ama-NGO, amabhizinisi kanye nomphakathi. Ngokuhlinzeka umphakathi ngamaqiniso, lezi zibalo zamakhompiyutha ze-coronavirus zihlose ukudala ukuqonda okungcono kwezidingo eziphathelene ne-coronavirus nokuhlehlisa amahemuhemu ngaphambi kokulimaza okwengeziwe.

Emhlabeni wonke jikelele, ubhubhane iCOVID-19

kanye nemvalelwakhaya enwetshiwe eyenzelwe ukunqanda ukutheleleka ngesifo sekuzidlebelekisile

lezo zingqinamba ezaziwayo esizweni, okubalwa kuzo ububha, ukungalingani kanye nokungabi nawo amandla okwenza izinto ezithile. Izinguquko ezenziwe nguMengameli uMnu uCyril Ramaphosa zokwelekelela abantu abahlwempu ezinyangeni eziyisithupha ezizayo nezibandakanya ukufaka uchatha ezibonelelweni zikahulumeni, zibe yisibonelelo esiphuthumayo esisha kanye nokunikezela ngezijumbana zokudla osekwenziwe kwaba ngcono njengengxenye yezigidigidi ezingu-R500 okufakwa kuzo nokwelekelela kwezomnotho nomphakathi. Mayelana nalokhu, sibheka ngqo izingqinamba zendlala kanye nobubha sigxile kakhulu esibonelelweni seCOVID-19 esilekelela abantu abangasebenzi (iCOVID-19 Social Relief Distress Grant).

IBlack Sash nabanye sebeke bathi ukuphikisana ngokuthi imali ekhona maqondana nezenhlalo kumele ifinyeleliswe emindenini ebuthakathaka. Ngenxa yemithelela yeCOVID-19 eshaya kanzima emnothweni, abantu abaningi abakwazi ukusebenza futhi sebefake izicelo zezijumbana zokudla kanye nezibonelelo zokulekelela abangasebenzi. Ezindaweni zokulanda ukudla olayini abafolwa ngabantu sebexakile, abantu abaningi bama kolayini ubusuku bonke. EGoli kuhlawumbiselwa ekutheni abasebenzi abangu-50 000 sebephila ngezijumbana zokudla manje.



Pensioners queueing in KZN. Photo: The Witness



President Cyril Ramaphosa. Photo: GCIS

Imibuzo nezimpendulo

Ukuphikisana osekube khona kumayelana nokuthi ngabe isibonelelo seCOVID-19 sokulekelela abantu abangasebenzi kumele yini sikhuphuke sisuke ku-R350 siye ku-R1000 kubo bonke abantu abangasebenzi? Yini imbangela?

Singaphathwa kangcono kanjani isibonelelo seCOVID-19 sabantu abangasebenzi

Isibonelo nje, iBlack Sash ukuphikisa kwayo kusekutheni isibonelelo sika-R350 asanele ukuthi singakwazi ukugcina izindleko okubalwa kuzo ukudla, imithombo yezamandla (ugesi, igesi noma upharafini, njll.), okokuhamba kanye nezindleko ezengeziwe zokuhambisana nemigomo yenhlanzeko ngalesi sikhathi salolu bhuhane. Ukudla okuyisidingo kukhuphuke ngo-R253, kusuka ku-R3, 221 mhlaka-2 kuMashi ngaphambi kokuthi kuqale le nkanankana yeCOVID-19, kwaya ku-R3, 474 ngomhlaka 23 ku-Ephreli okuyisikhathi lapho amaholo enciphile, isibonelelo seCOVID-19 sabantu abangasebenzi sincane ngisho kuno-R581 oyisilinganiso esabekwa semali edingwa umuntu ngamunye kwabantulayo kanti amandla aso aphinde abe mancane ngisho kunenani lezijumbana zokudla eziyizibonelelo zeCOVID-19 zabantu abangasebenzi zona ezingu-R1, 200 ngenyanga, ezithunyelwa yiSouth African Social Security Agency (iSASSA).

IBlack Sash kanye nezinye izinhlangano zomphakathi sebebhekane nezikhalazo ezivela emphakathini osuke wazama wehluleka ukushayela inombolo yokusizakala (iCall Centre). ISASSA kanye neminyango kahulumeni ehlinzeka ngezinsizakalo zomphakathi kumele bavule ngokushesha amahhovisi abo ukuze bakwazi ukuhambisana nokuxegiswa kweminye imigomo emphakathini kanye nezomnotho njengoba kwamemezela uMengameli uMnu Ramaphosa, futhi kufakw nezicelo ezintsha zalezo zibonelelo ezikhona.

Kunezinsolo zokuba khona komkhoshosho ekuthunyelweni kwezijumbana zokudla okuthunyelwa yiSASSA? Yini engenziwa ukuze kugwemeke lokhu?

Esimweni esiyisibhicongo njengalesi seCOVID-19, izijumbana zokudla ezithunyelwa njengophawu lesihe sokusiza abantu ziyinto esemqoka. Ukuthunyelwa kwezijumbana zokudla kudinga ukuthi kube nokuxhumana okuqondile emazingeni kahulumeni kazwelonke, ohulumeni bezifundazwe kanye nabezindawo. Uhlelo lokusatshalaliswa kwezijumbana zokudla lukhungethwe yizinsolo kanye nemibiko yemikhoshosho, ukukhetha iphela emasini kanye nokuzincengela ebantwini okubonakala kulolu hlelo. Ukudluliswa kwemali kuhambisana nethuba lokunciphisa izigameko zomkhoshosho nokuzincengela ebantwini. Ukuthunyelwa kwezijumbana zokudla kumele kulekelelwe ngezinhlelo zokulekelela umphakathi ezihlelekile. Ezingeni lomhlaba wonke jikelele, ukudluliswa kwemali kusebenza njengendlela eyimpumelelo ukulungisa isimo somnotho esingahambi kahle ngenxa yemvalelwakhaya enwetshiwe emazweni ngamazwe edalwe yiCOVID-19 kulabo bantu nemindeneni ebuthakathaka. Okubaluleke kakhulu ukuthi ukudluliswa kwemali kusetshenziswe ezinhlelweni zokuvikela umphakathi eziqondile.

Designated Hospitals

Gauteng

Charlotte Maxeke Hospital, Parktown
Steve Biko Hospital, Pretoria
Tembisa Hospital, Tembisa

KwaZulu-Natal

Greys Hospital, Pietermaritzburg

Limpopo

Polokwane Hospital, Polokwane

Mpumalanga

Rob Ferreira Hospital, Nelspruit

Northern Cape

Kimberley Hospital, Kimberley

North West

Klerksdorp Hospital, Klerksdorp

Eastern Cape

Livingstone Hospital, Port Elizabeth

Free State

Pelonomi Hospital, Bloemfontein

Western

Cape

Tygerberg Hospital, Cape Town

Useful Numbers

- GBV Command Centre: 0800 428 428 / *120*7867#
- Persons with disabilities, SMS 'help' to 31531
- Women Abuse Helpline: 0800 150 150
- Child line: 0800 055 555SAPS
- Crime Stop: 0860 10111 / SMS Crime Line: 32211
- National AIDS Helpline: 0800 012 322
- Suicide Helpline: 0800 567 567
- National Department of Health:
[jhhttps://www.health.gov.za](https://www.health.gov.za)
- National Institute of Communicable Diseases:
<https://www.nicd.ac.za>
- Coronavirus Hotline: 0800 029 999
- No data no problem: <https://coronavirus.datafree.co.za>